**IMIYALELO KWABAHLOLWAYO**

1. Abahlolwayo mabafundisise kahle imiyalelo ngaphambi kokuba baphendule imibuzo

2. Leli phepha lehlukaniswe iziqephu EZINTATHU:
   ISIQEPHU A: Indaba ( 40 )
   ISIQEPHU B: Imibhalo emide edlulisa imiyalezo (20 )
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa imilayezo (10)
   ISIQEPHU D: Imibhalo equkethe ulwazi, ebonwayo nesebenzisa izindlela eziningi zokuxhumana. (10)

3. Abahlowayo kulindeleke ukuba baphendule umbuzo OWODWA esiqeshini A, OWODWA esiqeshini B, OWODWA esiqeshini C NOWODWA esiqeshini D

4. Mabaqale umbuzo ngamunye ekhasini elisha

5. Mababhale ngobunono nangesandla esibonakalayo.

6. Mabaqaphelisise isipelingi sabo kanye nokwakheka kwemisho.

7. Ubude bokubhala lo msebenzi buhamba kanje:
   ISIQEPHU A: Bhala amakhasi amagama ayi-70 - 100. Khumbula ukuthi uphoqelekile ukuba wenze uhlaka lube sekhasini lwalo lodwa ngoba lunamamaki.
   ISIQEPHU B: Umbhalo omude odlulisa umyalezo ube amagama angama-60-70.
   ISIQEPHU C: Imibhalo emifishane edlulisa umyalezo mawube amagama angama-20-40
   ISIQEPHU D: Imibhalo equkethe ulwazi, ebonwayo nesebenzisa izindlela eziningi zokuxhumana mayibe amagama angama-20-40.

**ISIQEPHU A**

Khetha isihloko ESISODWA kulezi ezilandelayo, ubhale ngaso indaba enamagama angama – 70 kuya kwayi-100. Ungakhohlwa ukubhala ukubhala uhlaka ngoba lunamamaki.

**UMBUZO 1**

Bukisisa lesi sithombe esilandelayo bese usungula indaba ehambisana naso.
Ungakhohlwa ukuyinika isihloko.



**[40]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

Abanye abantu asebephumelele empilweni baye bathi uma bexoxa ngomlando wabo kuvela ukuthi kusukela ekuhlonipheni abazali babo. Veza lokhu ngokubhala indaba ethi:

"Ukuhlonipha Abazali Kuyisisekelo Sempumelelo. " **[40]**

**NOMA**

**UMBUZO 3**

Ulinde ehhovisi likaThishanhloko ungazi ukuthi ubizelweni. Bhala indaba uchaze imizwa nemicabango yakho. **[40]**

**NOMA**

**UMBUZO 4**

INingizimu Afrika ifuna abantu abakwazi ukukhuluma izilimi eziningi ezahlukahlukene. IsiZulu olunye ulimi okufanele lufundwe kuzo zonke izikole. Ingabe uyavumelana yini nalo mbono? Nikeza indaba yakho isihloko. **[40]**

**UMBUZO 5**

Bhala indaba lapho uzoveza khona konke okwenzayo uma uvuka ekuseni ngaphambi kokuba uye esikoleni. **[40]**

**ISIQEPHU B**

Khetha OWODWA umbhalo kule elandelayo bese ubhala kube amagama angama-60-70

**UMBUZO 1**

Isikole ofunda kuso sinabafundi abaningi abanegciwane lengculazi. Lokhu akukuphethe kahle neze. Bhala ingxoxo phakathi kwakho nomngani ofunda kwesinye isikole ngalolu daba. **[20]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

Bhala incwadi eya kumphathi wesibhedlela sangakini umazise ngokuphathwa kahle kweziguli ngabahlengikazi. **[20]**

**NOMA**

**UMBUZO 3**

Ucelwe ukuba wethule inkulumo emcimbini womngani wakho eseniphile naye isikhathi eside. Bhala inkulumo yakho ulandele imigomo yokubhalwa kwenkulumo. **[20]**

**ISIQEPHU C**

Khetha OWODWA umbhalo kule elandelayo bese ubhala kube amagama angama-20-40

**UMBUZO 1**

Unomngani okade ufunda naye esikoleni esithile umatikuletsheni. Uthe uma ufunda iphepha wathola ukuthi niphumelele ngamalengiso nobabili. Bhala iposikhadi umhalalisele ngale mpumelelo. **[10]**

**NOMA**

**UMBUZO 2**

Gcwalisa ifeksi elandelayo eya emNyangweni weMfundo udlulise umlayezo wokubonga ukuxhaswa ngemali umcimbi wenu wokubongela umatikuletsheni wangonyaka odlule.

| | |
|---|---|
| Ifeksi | :…………………… |
| Usuku | :…………………… |
| Isikhathi | :…………………… |
| Amakhasi | :…………………… |

| | |
|---|---|
| Iya ku | :………………………… |
| Ivela ku | :………………………… |


Umlayezo:

………………………………………………………………………………
………………………………………………………………………………
………………………………………………………………………………
………………………………………………………………………………
………………………………………………………………………………
………………………………………………………………………………
………………………………………………………………………………
………………………………………………………………………………

**[10]**

**UMBUZO 3**

Bukisisa lesi sithombe bese uyasho kafushane ukuthi zinhlobozini zemidlalo ezivezwe kuso nokuthi umdlalo ngamunye udlalwa kanjani. Sekuhlangene makungeqi emagameni angama-40.



**[10]**

**ISIQEPHU D**

Khetha OWODWA umbhalo kule elandelayo bese ubhala kube amagama angama-20-40.

**UMBUZO 1**

Gcwalisa ifomu elilandelayo lokucela isikhala somsebenzi enkampanini yangakini.

**XOCKS TECHNOLOGIES Pty (Ltd)**

Imininingwane yami
1. Isibongo :…………………………………………
2. Amagama aphelele :…………………………………………
3. Inombolo kamazisi :…………………………………………
4. Ikheli lasekhaya :…………………………………………
5. Ucingo :…………………………………………
6. Isikole owafunda kuso :…………………………………………
7. Ibanga oliphasile :…………………………………………
8. Izinto ozikhonzile :…………………………………………
9. Amakhono onawo :…………………………………………

Ukusayina:………………………………

**[10]**

**UMBUZO 2**

Ulilungu lenhlangano yentsha yendawo yangakini. Beninomhlangano lapho benikhala ngezindawo ezingakhanyi ugesi ebusuku esezandisa abadlwenguli, izindawo zokungcebeleka ezishodayo nemitholampilo engabanaki abantu abasha. Bhala isiqubulo (slogan) esifanele lo mhlangano sibe amagama amahlanu. **[10]**

**UMBUZO 3**

Ngabe uyakwazi ukwenza itiye? Bhala iresiphi yokwenza itiye ugxile ezithakweni ozozisebenzisa kanye nendlela yokulenza.

**[10]**

**AMAMAKI ESEWONKE: 100**